## Awuwedwa!

Kungenzeka ukuthi ungomunye walaba abayizinkulungwane eziningi ezweni lakithi ababhekene nokuhlukumezeka emakhaya. Njengabo bonke abahlukunyezwayo kungenzeka yini ukuthi uzibeka icala nephutha ngokuhlukunyezwa kwakho, uze ucabange ukuthi mhlawumbe kukhona iphutha olenzile noma kukhona lapho ungenzanga kahle khona?

## IBhayibheli alikukhuthazi futhi alikuvuni ukuhlukumeza

UJesu weza emhlabeni ukuze akhulule abantu ebugqilini. UJesu uletha ukuziphatha okusha kubantu lapho yilowo nalowo ongowesilisa, ongowesifazane noyingane benelungelo lokuphathwa kahle nangobuntu.

"Njengalokho iNdodana yomuntu ingezelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi."

NgokukaMathewu 20:28

Nithengiwe ngenani elikhulu; ningabi yizigqila zabantu.

1 kwabaseKorinte 7:23

Anazi yini ukuthi niyithempeli likaNkulunkulu nokuthi uMoya kaNkulunkulu uhlala kini na? Uma umuntu echitha ithempeli likaNkulunkulu, uNkulunkulu uyakumchitha yena, ngokuba ithempeli likaNkulunkulu lingcwele; niyilo-ke nina.

1 kwabaseKorinte 3:16-17

***Wonke amavesi acashunwe eBhayibhelini lesiZulu lango 1959/1997.**

## Amahloni okuhlukunyezwa

Kuyenzeka ukuthi uma wake wahlukunyezwa uzizwe unamahloni nokuphoxeka uze uzibone ungafanele ukuthandwa. Kodwa noma kunjalo iBhayibheli liyasiqinisekisa ukuthi wena wenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu.

UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe; wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesifazane.

UGenesise 1:27

UNkulunkulu ukudalile ngokucophelela okukhulu:

> Ngokuba wena uzenzile izinso zami,
> wangaluka esiswini sikamame.
> Ngiyakukubonga,
> ngokuba ngenziwa ngokwesabekayo
> nangokumangalisayo;
> imisebenzi yakho iyamangalisa;
> umphefumulo wami uyakwazi kahle.

AmaHubo 139:13-14

## Kwamukele ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda

Wena ungumntwana kaNkulunkulu othandiweyo ongafanele ukuhlukunyezwa:

Ngokuba anamukeliswanga umoya wobugqila ukuba nibuye nesabe, kepha namukeliswa umoya wobuntwana esimemeza ngaye sithi: “Aba, Baba!” Yena lowo Moya ufakaza kanye nomoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu.

KwabaseRoma 8:15-16

Nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu iNkosi yethu!

KwabaseRoma 8:39b

## UNkulunkulu ungumvikeli wakho

“UJehova uyidwala lami,
nenqaba yami, nomkhululi wami;
uNkulunkulu uyidwala lami
engiphephela kulo,
nesihlangu sami,
nophondo lokusindiswa kwami,
inqaba yami ephakemeyo
nesiphephelo sami;
msindisi wami, uyangisindisa
ebudloveni.”

2 uSamuweli 22:2-3

## Thola usizo!

Ziningi kakhulu izinhlangano ezikhona lapha eNingizimu Afrika ezizinikele ekusizeni labo abasebudlelwaneni obunokuhlukumeza.

Shayela i-Lifeline ku:
**0800 150 150**

Kusihlwa kungena ukukhala,
ekuseni ukujabula.

AmaHubo 30:5b

Ishicilelwe yasatshalaliswa
yi-Bible Society of South Africa.
**www.biblesociety.co.za**

BibleSA.co.za
BibleSA
Bibles and audio Bibles are available on the **BibleSA app.**